

ABAKWA-SARS BASABELA ODLAMENI OLUCWASA NGOKOBULILI NODLAME JIKELELE

Esabela esimweni sodlame esikhona ezweni lethu, uKhomishana wakwa-SARS uKieswetter uthumelele izisebenzi lo mbhalo.

Sanibona Bozakwethu,

PRETORIA, ngoLwesihlanu mhla ziyi-13 kuMandulo 2019 - Nginibhalela njengendodana, ubhuti, umyeni, ubaba kanye nomkhulu. Ngibhala ngokudabuka okukhulu - ngidabukela abathandiweyo bethu, ngidabukela bonke abesifazane, omama, osisi, obabekazi kanye namantombazane asemasha emphakathini wethu osabuswa abantu besilisa.

Ngibhala ngizwa ihlazo - ihlazo lokuthi siwumphakathi asikwazi ukunika izingane zethu isiqinisekiso sokuthi sizozinakekela ngendlela efanele. Ihlazo lokuthi ukuba umuntu wesifazane noma ingane ezweni lethu kukubeka engozini yokubhekana nodlame nokuhlukumezeka. Ihlazo lokuthi asikwazi ukuvimbela izingane ezincane zingagalakadeli emathoyilethi emigodi zife ngesihluku, zingakwazi ukuphila impilo enenjabulo.

Siwumphakathi sisempini nathi uqobo. Uma sikuphika lokhu kusho ukuthi nathi siyingxenywe yalokhu futhi siyingxenywe yenkinga. Uma sithule siba buthaka, singakwazi futhi singafuni ukulungisa lobu bubi obenzeka eNingizimu Afrika. Asilwelani, siyalwisana. Iminyaka engaphezulu kwengama-300 yengcinezelo nokuncishwa amalungelo isisiphendule umphakathi obhekana eziqwini zamehlo "yithi sibhekene nabo". Kumele sikuyeke lokho siqale sifunde ukuthi kusho ukuthini ukuba ngowaseNingizimu Afrika.

Kulula ukuthi sibize ukuhlaselwa kwabesifazane ngokuthi uDlame olucwasana ngokoBulili. Lokhu akucacisi kahle, kuyahloniphisa futhi kukwenza kube yinto elula nje. Kumele sikubize ngegama lalokhu eliyikho. Kuwudlame olunengekayo nolunyanekayo olwenziwa abesilisa behlasela abesifazane, amantombazane nezingane. Kufanele silubize ngoDlame oluDlondlobaliswa abantu Besilisa.

Abantu besifazane akumele bazivikele kubantu besilisa. Kumele bazizwe bephephile futhi bevikelekile kithi bantu besilisa. Banelungelo lokuzizwa bephephile. Ezinsukwini ezimbili ezedlule indodakazi yomunye wozakwethu, eneminyaka engama-26, ibuya emsebenzini ihlaselwe indoda eyigwala ngoba lo wesifazane engakwazi ukuzivikela. Njengezinye izilwane, usahamba ngokukhululeka ulindele ukuphinda enza lobu budlova, ebe lo wesifazane kusamele abhekane nokuhlukumezeka nobungozi bokulinyalelwa yisandla sakhe unomphela nokuphelelwa ukuzethemba.

Bangaki abanye besifazane, amantombazane amancane nezingane ezincane okumele bahlale ngokwesaba ukuthi bazohlaselwa banyukubezwe?

Ukuhlaselwa okwenzekayo kubantu base-Afrika kubizwa ngodlame olubhekiswe kwabokufika. Kodwa kungaphezulu kwalokho; kuwubugebengu obungubulwane nokungcola. Kusho lukhulu ngathi njengomphakathi kunalabo dade nabafowethu esibahlaselayo. Kuyiqiniso ukuthi le ndlela yokuziphatha engenakuvikelwa ibangelwa ukuthi abaningi bethu basabhekane nobumpofu nokungasebenzi nokungalingani.

Le nsali ebambelele yohlelo lwengcindezelo lwesikhathi soBandlululo nayo ingolunye uhlobo lodlame kubantu bakithi. Inqobo nje uma izimo zabantu baseNingizimu Afrika zingashintshwa futhi bengajabuleli mihlomulo yentando yeningi, angeke sizizwe siphephile. Lokhu kungabi khona kobulungiswa, okusathwele abantu abamnyama, ikakhulukazi abesifazane nezingane kuyabuphazamisa ubulungiswa bethu sonke. Imiphakathi enezindonga eziphakeme namasango kwenza ukuthi sicabange ukuthi siphephile, kanti akukhona ukuphepha okuzinzile. Siyayiqonda intukuthelo nokuphelelwa isineke emva kweminyaka engama-26 yentando yeningi, kuyasicacela sonke ukuthi uhlelo lwentando yeningi alusebenzi.

Umbiko wakamuva ngobugebengu uveze ukunyuka kwamacala obugebengu nawocansi. Kukhombisa ukuthi siyizwe elisempini nalo uqobo, njengokusho kwabaningi abebephawula.

Ngiphinde ngibhale njengoKhomishana woPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika. Encwadini yami yokuqala engayibhala mhla lu-1 kuNhlaba 2019, kokunye engazibophezela kukho, "ukusebenza ngokuzikhandla ukusiphuna zonke izimpande zalo lonke uhlobo lokuhlukumeza, kubandakanya ukucwasana ngokwebala nangokobulili" nganicela ukuthi siziphathe nabanye "sihloniphane, siphathane ngendlela esingathanda ukuphathwa ngayo; silwisane nodlame olucwasana ngokobulili kanye nezinye izinhlobo zokuhlukumeza" kanye "nokuhlonipha nokwamukela ukuhlukana kwethu ngokwebala, ngamasiko, ngenkolo, ngobudlelwano kwezocansi kanye nokunye".

Manje sengicela ukuthi sibhukule sikhulume ngokuqwashisa nokucijana sinikane izindlela zokulwisana nalolu hlobo lobudlova esibhekene nabo.

Njengesikhungo, abakwa-SARS bawumphakathi omncane osemphakathini wethu. Uma kugxekwa umphakathi kugxekwa thina. Kumele sizibuze imibuzo elukhuni yokuthi ngabe nathi sinesandla na kulolu dlame olwenzekayo noma siyalwisana nalo. Ngakho-ke, ngithanda ukuqala inqubo yokuthi sizibheke thina ngemigomo yethu, izinqubomgomo kanjalo nezinqubo zethu. Kumele sinyuse amasokisi emizamweni yethu yokuqonda womabili amazanga obudlova, ikakhulukazi obubhekiswe kwabesifazane, sikhombise nendlela yokuziphatha esiyilindele nakwabanye.

Ngokuzama ukwenza okuthile, nazi iziphakamiso zami:

1. Sikhethe usuku ngesonto elizayo lapho sizovula khona amahhovisi emva kwehora kunesikhathi esijwayelekile ukuze sinike abesifazane ithuba lokuba nenguyazana emahhovisi abakuwo;
2. Kusukela ngesonto elizayo kuze kuphele izinyanga ezi-2 wonke amagatsha namahhovisi akwa-SARS azoba nesikhathi esiyihora sekhefu lapho bezoba nezingxoxo ngamadoda ahlukumeza abantu besifazane - lezi zingxoxo zizoholwa abantu besifazane bese benza

izincomo zokuthi yiziphi izinyathelo ezinqala ezizinzile ezingathathwa ezingase zishintshe okukhulu okubhekene nabesifazane;

3. Sizogqala sibukeze izinqubo ezikhona esikhungweni okubonaka zicwasa abantu besifazane nezigqogquzela ukuhlukumeza, siphinde sibukeze inqubomgomo ngokuhlukunyezwa ngokoCansi. Sengibeke usuku olungumqamulajuqu nohlelo olucacile lokubhekana noshintsho emigomweni, osikweni nasezinqubweni zesikhungo;

4. Sengisungule indawo ezobhekana namacala okuhlukumeza ngokocansi kubandakanya zonke izinhlobo zokuqinela abanye kanjalo nokubenza izisulu;

5. Sengiyalele umnyango wezempilo ukuba usungule usizo lwezingcingo oluhlanganisa konke oluzosiza izisulu zokuhlukumezeka

6. UMnyango ngamunye uzoba nomuntu oqeqeshelwe ukusiza nokweseka nokududuza izisulu zokuhlukumezeka.

7. Ngicele uMnyango wezokuXhumana ukuba usungule indawo ezoba yimfihlo ezohlinzeka ngezinto ezingaba usizo ekwesekeni abesifazane ngokuhlukumezeka nokuhlonyiswa; futhi

8. Ngiqoke abameleli abazokweseka ihhovisi lami futhi abazotholakala kunoma ubani ofisa ukuthi kube khona okubhekwayo noma ukubika izimo ezithile zokuhlukumezeka ngokocansi.

9. Imininingwane ethile mayelana nodaba olukunombolo 7 kanye nolukunombolo 8 izokwaziswa phakathi nesonto elizayo

Nginxusa ukuba bonke ozakwethu babhukule bafake isandla ekwakheni indawo lapho abesifazane bezozizwa bephephile kuyo. Njengamadoda kumele sikhulume.

Sekwanele (ENOUGH IS ENOUGH)

Ngu-Edward Kieswetter

UKhomishana wakwa-SARS